Ibuyekeziwe – Ihambisana ne-CAPS

Ibanga lesi-2





Amakhono Empilo
ISIZULU
Incwadi yoku-1
Ithemu 1&2

Igama:

Iklasi:

ISBN 978-1-4315-0255-4

Rainbow WORKBOOKS

LIFE SKILLS IN ISIZULU
GRADE 2 – BOOK 1
TERMS 1 & 2
ISBN 978-1-4315-0255-4
THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.
8th Edition

Izincwadi zokusebenzela ezikhona kulolu hla lwezincwadi:

- *Ulimi Lokuqala Olwengeziwe Amabanga 1 – 3 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)*
- *Ulimi Lokuqala Olwengeziwe Amabanga 4 – 6 (NgesiNgisi)*
- *Ulimi lwasekhaya Amabanga 1 – 6 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)*
- *Izibalo Amabanga 1 – 3 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)*
- *Izibalo Amabanga 4 – 9 (NgesiNgisi nesiBhunu)*
- *Amakhono Empilo Amabanga 1 – 3 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)*

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Isihlalo sabakhubazekile

Ithemu 1	ikhasi
1 Sidinga ukuthola ukudla okunempilo ukuze siphile	2
2 Amanzi asinika impilo	4
3 Siyawonga amanzi	6
4 Umoya ohlanzekile usinika amandla	8
5 Mina kanye nabanye	10
6 Abantu esiphila nabo	12
7 Akusekho ukuhluphana esikoleni	14
8 Wonke umuntu ubalulekile	16
9 Imizwa esinayo ngezinto ezahlukene	18
10 Abantu abakhubazekile	20
11 Bonke abantwana babalulekile	22
12 Amaqhawe ami	24
13 Ukuhluzwa kwamanzi	26
14 Ukuhlala uphilile	28
15 Ukudla okusheshayo nokungasheshi ukubola	30
16 Izinsuku zenkolo nezinye	32

Ithemu 2	ikhasi
17 Izinkathi zonyaka	34
18 Izinkathi ezine zonyaka	36
19 Izinkhathi zonyaka	38
20 Ukugqokela isimo sezulu	40
21 Imithelela yezinkathi zonyaka	42
22 Ukutshala ubhontshisi	44
23 Izilwane zasepulazini	46
24 Epulazini	48
25 Izilwane zasendle	50
26 Zicasha kanjani izilwane	52
27 Izilwane zasemanzini	54
28 Izilwane zasekujuleni kwamanzi	55
29 Ulwazi ngezilwane	56
30 Izilwane ezihamba nezindlu zazo	58
31 Izilwane ezizakhela indawo yokuhlala	60
32 Isichazamazwi sami	62













UNkk Angie Motshekga, uNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo



UMnu Enver Surty, iSekela loMnyango weMfundo eyiSesekelo

Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo, uMnu Enver Surty.

Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo eyiSesekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.

Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.

Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.

Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education

Eighth edition 2018

ISBN 978-1-4315-0255-4

This book may not be sold.

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

IBanga lesi-2



Amakhono Empilo
ISIZULU
Incwadi yoku-1



Le ncwadi ngeka-

Sidinga ukuthola ukudla okunempilo ukuze siphile

Masifunde

Imizimba yethu idinga ukudla okunempilo ukuze sikhule. Kumele sidle ukudla okunempilo okuvela ohlotsheni ngalunye zonke izinsuku. Sidinga ukudla ukudla okunempilo ukuze sikwazi ukuba namandla okwenza zonke izinto esidinga ukuzenza. Uma singadli ukudla okunempilo, singagula.

Izinhlobo ezinhlanu zokudla



Usuku:.....

Masenzeni lokhu


Xoxa nomngane wakho mayelana nokuthi yikuphi kwalokhu kudla okunempilo. Kukokezelele.




Bhala

Enza sengathi uya esuphamakethe nomama wakho, niyothenga ukudla okuzodliwa ntambama. Enza uhla lwezinto ezizothengwa eziwuhlobo lokudla okunempilo emndenini.

UHLA LWEZINTO EZIZOTHENGWA









Teacher:

Sign:

Date:

2

Amanzi asinika impilo

Masikhulume

Yini eyenza siwadinge amanzi? Abantu, izitshalo kanye nezilwane kuyawadinga amanzi. Amanzi yiwo azungelezisa ukudla esikudlayo kuye ezingxenyeni ezahlukene zemizimba yethu, yiwo futhi asiza umzimba ukuthi ukwazi ukukhipha izinto ezingadingeki emzimbeni.




Masenzeni lokhu


Zonke izinsuku siyawasebenzisa amanzi emakhaya. Xoxela umngane wakho ngezinto zonke ongazicabanga esisebenzisa amanzi kuzo. Emva kwalokho udwebe izithombe ezi-4 ukukhombisa ukuthi siwasebenzisa kanjani amanzi kulezo zinto. Bhala isihloko sesithombe ukuchaza ukuthi simayelana nani.


Usuku:.....

Bhala


Siwathola kuphi amanzi? Dweba umugqa uqondanise igama ngalinye nesithombe esifanele.








Isiphethu
iwindimili
umfula
idamu
umthombo wamanzi





Phumela ngaphandle

Ngaphambi kokwenza noma yini ngaphandle, qala ngokuzelula njengekati. Lokhu kuzokwenza umzimba unyakaze kalula. Zelule nangemva kokwenza okuthile ngokuthi uphumule uphole. Lokhu khona kukusiza ukuthi ungabi nobuhlungu bezicubu.



- Gxuma njengesele. Yenza umsindo wamasele.
- Nqakisanani ngebhola noma ngesaka likabhontshisi, libambeni ngamunye.
- Manje phonsa ibhola noma isikhwama sikabhontshisi phezulu bese usinqaka.
- Thwala isaka likabhontshisi ugijimisane nomngane nithwele. Bheka ukuthi uzohamba ibanga elingakanani lingawile isaka olithwele.



Teacher:

Sign:

Date:

Siyawonga amanzi



Masikhulume

Amanzi ayinto ebalulekile, kumele siwonge.
Xoxa nomngane wakho ngezindlela ezahlukene esingazisebenzisa ukonga amanzi.





Bhala

Bhala ezikhaleni izindlela ezimbili esizisebenzisa ukonga amanzi.

1. _____

_____

2. _____

_____



Masenzeni lokhu

Sebenzisa amakhrayoni nopende wemidwebo wenze iphosta enemibala ekhuluma ngokongiwa kwamanzi. Iphosta yakho kumele igqugquzele abanye ukuthi bonge amanzi. Uma sewuqedile khombisa abangane bakho.



Usuku:.....

Phumela ngaphandle

Masidlaleni umdlalo othi "Sikhathi sini, Mnu Mpungushe?"



Oyedwa wenu makabe yimpungushe.

Buzani ngamunye nithi "Sikhathi sini, Mnu Mpungushe?"

Impungushe kumele isisho isikhathi uma ibuzwa. Kodwa uma ithi "yilantshi!" izosuka ngejubane inijahe. Kumele niyibalekele ingalingi inibambe.

Dlalani umdlalo wentambo eyindilinga.

Wena nomngane wakho kumele nishintshane ngokuhamba phezu kwendilinga, nihambe ngezinyawo kuqala bese nihamba ngezandla.

Ningayibamba indilinga yenu eyintambo niyiphakamise, umngane achushe kuyo. Shintshanani ngokwenza lokhu.



Okokugcina, emaqoqweni anabantu aba-4, zilungiseleleni ukwethula umdanso waseNingizimu Afrika.

Teacher:

Sign:

Date:

4

Umoya ohlanzekile usinika amandla



Masifunde

Umoya esiwuphefumulayo une-oksijini. Usisiza ukuthi imizimba yethu ikwazi ukusebenzisa ukudla esikudlayo. Sibe sesithola amandla siphile.
Uma siphefumula umoya ongcolile, imizimba yethu iyehluleka ukusebenza.



Bhala Hlala nomngane wakho. Gcwalisani izikhala ezingezansi nobabili

Ngidinga umoya ohlanzekile ngoba _____

Uma umoya ungcolile _____

Umoya uyangcola uma _____

Izinto esingazenza ukugcina umoya uhlanzekile:

1. _____

2. _____



Usuku:.....



Masifunde

Abantu badinga ukukhanya kwelanga ukuze baphile. Kusiza imizimba yethu ukuthi yakhe uVithamini D. Wona-ke siwudingela ukuba namathambo aqinile.

Ilanga uma selikhanya kakhulu libuye libe yinkinga. Liletha izinhlungu zokushiswa yilanga. Gqoka isigqoko nezibuko zelanga ukuze uzivikele emisebeni yelanga.



Bhala

Gcwalisa lezi zikhala ezingezansi:

Ngiyovikeleka elangeni uma:

1. _____

2. _____

3. _____



Masicule

Cula leli culo futhi ushaye izandla zihambisane nalo.

Wena ungukukhanya kwelanga lami
ukuphela kokukhanya kwelanga lami.
Uyangijabulisa kakhulu
uma isibhakabhaka semboze ngamafu.
Awusoze wakwazi lokhu, sithandwa,
Ukuthi ngikuthanda kangakanani.
Ngiyakucela, ungangiphuci imisebe
yami yelanga.

Gqoka isigqoko nezibuko zelanga ukuze uzivikele emisebeni yelanga.





Teacher:
Sign:
Date:

5

Mina kanye nabanye



Sonke siyathanda ukuba nabangane beqiniso. Umbona kanjani umngane weqiniso?





Bhala ezikhaleni ezingezansi uhla lwezinto ezenza umuntu abe ngumngane weqiniso.

1. _____

2. _____

3. _____

4. _____



Bhekisisa le mibuzo bese ubhala izimpendulo zayo phansi.

Bangaki abangane onabo?
Ngubani igama lomngane wakho weqiniso?
Seninesikhathi esingakanani ningabangane?
Yini oyithanda kakhulu ngomngane wakho?

Usuku:.....



Masikhulume

Yiya kumngane wakho nihlale phansi nikhulume ngalawa mazwi. Faka uphawu (✔) ebhokisini uma kuyiqiniso, ufake uphawu (✘) uma kuliphutha.

Uhla lokuhlola ubungane	Bhala u ✔ noma i ✘
Umngane wami uyanginakekela.	
Umngane wami uyangisiza.	
Umngane wami uhlanganyela nami izinto eziningi.	
Umngane wami akalwi nakancane nami.	



Masenzeni lokhu

Yini ongayenza uma ufuna ukukhombisa umngane wakho ukuthi ubalulekile kuwe? Dweba manje isithombe esiveza lokhu esikhaleni. Ubokhumbula ukuhlobisa ifreyimi yesithombe sakho. Uma usukwenzile lokhu, khuluma ngemibala ezothile kanye nehehayo oyisebenzisile kulesi sithombe.



Bhala

Bhala imisho emibili ngesithombe sakho.

Teacher:

Sign:


Date:

6

Abantu esiphila nabo

Masikhulume

Buka izithombe. Zama ukukhumbula ukuthi abangane beqiniso bayaye benzeni. Xoxa neqembu lakho ngalokhu. Zama ukukhumbula ukuthi abangane ababi bayaye benzeni. Beka uphawu lokuthikha (✔) esithombeni ngasinye ukukhombisa ubungane, nophawu (✘) kulabo abaveza ubungane obungalungile.



Usuku:.....

Masifunde

Funda umusho ngamunye bese ufaka umbala ebusweni obuthi Yebo ☺ noma ebusweni obuthi Cha ☹.



Ngingumngane weqiniso.	☺	☹
Ngiyamnakekela umngane wami. 	☺	☹
Nginomusa kubafundi enginabo eklasini.	☺	☹
Abafundi enginabo eklasini banomusa kimi.	☺	☹
Ngiyabahlonipha abantu engiphila kanye nabo. 	☺	☹



Phumela ngaphandle

Masidlaleni "Yima esithunzini sakho".



Wena nabangane bakho zamani ukuma esithunzini somunye nomunye. Shintshanani nithole ukuthi zingaki izithunzi enikwazi ukuma kahle kuzo. Ningalokhu nigudlukelana ukuze ubalekele abangane bakho ukuthi bangami esithunzini sakho.


Teacher:
Sign:
Date:

7

Akusekho ukuhluphana esikoleni

Bhala Buka isithombe ngasinye.

Yini ongayenza uma abanye abantwana bengakuhlupha? Bhala umusho owodwa eduze kwesithombe usho ukuthi kumele abantu baphathane kanjani.







Usuku:.....



Masenzeni lokhu

Wena nomngane wakho dlalani ukuba yingane ehlupha enye. Emva kwalokho yishoni ukuthi yini engenziwa ukuvimbela ukuhluphana kwezingane.






Phumela ngaphandle


Manini amaqoqo ahamba ngaba-5.



Yimani umugqa ninikezane ibhola ngamunye ngamunye nilandele umugqa. Bhekani ukuthi yiliphi iqembu elikwazi ukudlulisa ibhola lize liyofika ekugcineni ngesikhathi esifushane kakhulu. Uma niqeda, zamani ukudluliselana ibhola ngezindlela ezahlukahlukene.



- Dlulisani ibhola nilikhiphe phakathi kwemilenze.
- Dlulisa ibhola uleqise ikhanda liye kumngane ongaphambi kwakho.
- Dlulisa ibhola liye kwesokudla somngane ongemuva kwakho.
- Dlulisa ibhola liye kwesokudla somngane ongaphambi kwakho.
- Manje phonselelanani ibhola bese nibheka ukuthi ningalinqaka kangaki.





8

Wonke umuntu ubalulekile

Masikhulume

Buka izithombe usho ukuthi zifana ngani lezi zingane. Yisho futhi ukuthi zihlukene ngani.

















Usuku:.....



Masifunde

Yenzani lokhu eqenjini lenu. Bukani bonke abantwana abakhona eklasini lenu. Bese nifunda la mazwi alandelayo. Uma okushiwoyo emazwini kuliqiniso faka uphawu (✔) ebhokisini elikwesokudla, uma amazwi eliphutha, faka u (✘).

	Beka u ✔ Noma i ✘
Kungabe abafana bayafana namantombazane?	
Kungabe izinwele zabo bonke zinombala ofanayo?	
Kungabe bonke banombala ofanayo wamehlo?	
Kungabe bonke banezandla ezilinganayo?	
Kungabe bonke abantwana bade ngokulinganayo?	



Bhala



Masikhulume


Uyabona yini ukuthi asifani thina bantu? Uyabona kodwa ukuthi siyafana ngenye indlela? Xoxa ngokuthi sifana kanjani.

Dweba isithombe sakho. Sebenzisa upende womlomo ukwenza imidwebo eseminweni yakho ingafani neyabanye abantwana. Dweba iminwe yakho eduze kwesithombe esisesikhaleni.





Uthi bewazi ukuthi akekho umuntu emhlabeni onemidwebo eseminweni efana neyomunye? Wena nje wehlukile kwabanye abantu futhi ubalulekile kakhulu!



9

Imizwa esinayo ngezinto ezahlukene



Masikhulume

Xoxani ngokuthi niphatheka kanjani uma kwenzeka into enhle. Bese nikhuluma ngokuthi niphatheka kanjani uma kwenzeka into embi. Lokhu sikubiza ngemizwa yomuntu. Bhala usho ukuthi baphatheke kanjani laba.












Bhala Bhala izimpendulo zemibuzo elandelayo.


Yini ekwenza ujabule?
Yini ekwenza ukhathazeke?
Yini ekwenza wesabe?
Yini ekwenza udinwe?

Usuku:.....



Masenzeni lokhu

Dweba bese ufaka umbala iketanga lobungane. Zama ukwenza unodoli ngamunye abukeke ngendlela ehlukile ukukhombisa ukuthi abantu abafani. Uma usukwenzile lokhu ungasika iketanga lobungane ekhasini lokusika eliphakathi nendawo kuleli bhuku. Yenza unodoli ngamunye ehluke, benze bame kwideski lakho ukuze bakukhumbuze ukuthi sonke singabantu sihlukile komunye nomunye.



Phumela ngaphandle

Khulisa umzimba wakho ube mkhulu impela.

Wunciphise ube mncane kakhulu.

Welule ube mude kakhulu.

Wenze ube mfushane kakhulu.





Teacher:

Sign:

Date:

10

Abantu abakhubazekile

Masikhulume Buka izithombe.



- Yiziphi izithombe ezahlukene zokukhubazeka ozibonayo?
- Zisebenzisani lezi zingane ozibonayo ukuze zisizakale?
- Yiziphi ezinye zezinkinga ezinazo nsuku zonke lezi zingane empilweni yazo?
- Yisho ukuthi singazisiza ngani.


Bhala Buka izithombe
Qedela le misho.

URosemary akakwazi ukuhamba.

Usebenzisa _____
ukuya le nale.



isihlalo Sabakhubazekile



UThabo uyimpumputhe
usebenzisa _____
ukuthola lapho eya khona.



inja ehola abantu

Usuku:.....

izinsizakuzwa






UPele akezwa ezindlebeni

Usebenzisa _____

ukuze akwazi ukuzwa.

ulimi lwabangakhulumi






UJabu uyisimungulu.

Usebenzisa _____ ukuze

akwazi ukuxhumana nabantu.

izinduku zokuhamba abakhubazekile





UNomsa usebenzisa

_____ ukuze akwazi

ukuzihambela.



Masenzeni lokhu

Sebenzisa ubumba noma inhlama yokudlala ukubumba ivasi noma inkomishi.





11

Bonke abantwana babalulekile



Masikhulume

Bahluke ngani laba bantwana kuwe?
Bafana ngani nawe?





Masifunde

Abantu emhlabeni jikelele banamaholide athile abalulekile.



Sonke siyathanda ukudlala nokucula.

Sonke sidinga ukudla esizokudla.

Kumele sonke siye esikoleni.

Uma sigula sidinga ukuya kudokotela.

Kumele sonke sihlanzeke.

Akumele sithole umsebenzi sonke.

Sonke singabantwana.

Usuku:.....

Bhala

Buza abangane aba-3 le mibuzo. Gcwalisa izimpendulo ezikhaleni ezingezansi.

Bhala amagama abangane bakho.			
Ukhonza kuphi?			
Yiziphi izinsuku ezibalulekile enizibungazayo?			
Udlani?			
Yiziphi izimpahla ezikhethekile ozigqokayo?			
Ngubani enihlanganyela naye uma nibungaza?			



Masenzeni lokhu

Buka isithombe. Yibalazwe lomhlaba wethu. Umhlaba wethu unezwe kanye nolwandle. Faka umbala osasibhakabhaka olwandle. Faka umbala onsundu ezweni. Dweba izinhlanzi ezimbalwa olwandle.





Teacher:

Sign:

Date:





12

Amaqhawe ami

Masikhulume

Yisho ukuthi bakhona yini abantwana abakhubazekile esikoleni sakho.

Yini engenziwa yisikole uma sifuna ukubasiza?

Bayakwazi ukuba woshampeni ezintweni ezithile abantu abakhubazekile?



Masifunde

Kunezingwazi ezikhubazekile esiphila nazo. Lolu hlobo lwabantu luyisibonelo kithina. ENingizimu Afrika kunezingwazi zezemidlalo ezikhubazekile emzimbeni. Bakhona abantu obaziyo abanekhono kwezemidlalo?

UNatalie du Toit wanqunywa imilenze ngezansi kwamadolo. Ugijima ngezinto ezinanyathiselwe emathangeni. UNonto wanqamuka umlenze wesokunxele engozini yesithuthuthu. Uhamba ngomlenze wokwakhiwa kodwa uma ebhukuda usebenzisa umlenze owodwa.



Masikhulume

Xoxa ngabantu abakhubazekile abenza izinto ezimangalisayo. Zikhumbuze ngalokhu:

- Abantu abayizimpumputhe abadlala umculo kamnandi. Ukhona onjalo omaziyo?
- Abantu abangezwa ababhala umculo kahle. Unaso isibonelo somuntu onjalo?

Usuku:.....



Bhala

Esikhaleni esilandelayo, nikeza imidati yomuntu oyiqhawe nomuntu ongathanda ukumlandela ngezenzo uma kuvuma.

Umuntu oyiqhawe empilweni yami noyisibonelo kimi ngu:

Dweba isithombe somuntu oyisibonelo esiliqhawe kuwe. Bhala amagama eduze nesithombe sakho amchazayo. Izibonelo: unobungane, uwusizo, unesibingi, unothando.

Umuntu uba kanjani yiqhawe? Xoxisana nomnagne wakho ngalokhu. Bhala indaba lapho uzovela khona njengeqhawe. Gcwalisa ngezansi:

Ngolunye usuku

Ngakhetha

I

Ngaba yiqhawe ngaleyo ndlela-ke.



Ukuhluzwa kwamanzi

Masifunde Buka ingilazi yamanzi.



Ikhona into oyibonayo ngaphakathi kuyo?

Cha, awuboni lutho. Kodwa uyazi ukuthi kwenye inkathi kuba namagciwane emanzini? Lawa magciwane ayizinto ezincane ezingabonakali ngeso elejwayelekile. Uma ungake uphuze amanzi ngaphandle kokususa amagciwane, ungahle ugule. Sidinga ukuqiniseka ukuthi amanzi esiwaphuzayo ahlanzekile, awanalutho olubi kuwo.

Masikhulume Xoxa ngokuthi yini engenzeka uma singaphuza amanzi angahlanzekile. Buka izithombe ezingezansi. Xoxa nomngane wakho ngezindlela ezahlukene esingazisebenzisa ukuhlanza amanzi.



Faka amaphilisi eklorini emanzini.



Bilisa amanzi isikhathi esingangemizuzu emi-5



Faka amakhemikhali.





Hluza amanzi.

Usuku:.....

Masikhulume

Yimaphi amanzi ocabanga ukuthi kuphephile ukuwaphuza? Faka umbala osasibhakabhaka econsini lamanzi uma ucabanga ukuthi liphephile.

Amanzi omfula

Amanzi adonswa phansi

Amanzi asempompini

Amanzi athengwe esebhodleleni

Amanzi olwandle

Amanzi abiliswe ngeketela

Masenzeni lokhu

Sebenzani ngamaqembu bese nakha into yokusefa amanzi ukuze ahlanzeke. Lalelani ngokucophelela uma uthisha wenu echaza ukuthi nidinga ukwenzani nani.



Nazi izinto enizozidinga:

Ibhodlela leplastiki elilingana amalitha ama-2

Isihlabathi esicolisekile

Isihlabathi esimahhelekehle

Amatshana amancane awuhlwayi

Izikelo

Ukotini-wuli



Bhala

Nikeza lezi zinyathelo izinombolo ukuze kulandelane kahle ukwakhiwa kwesisefo samanzi.

	Thela isihlabathi esicolisekile phezulu kukavolo.
	Phendula ibhodlela ulibhekise phansi.
	Faka isihlabathi esimahhelekehle.
	Sika ngokuqaphelisisa isinqe sebhodlela leplastiki.
	Thela amanzi anodaka phakathi.
	Faka amatshana awuhlwayi ebhodleleni.



Teacher:

Sign:

Date:

14

Ukuhlala uphilile



Masifunde

Funda ubone lezi zinto eziyimikhuba emihle nemibi. Uma usola ukuthi wumkhuba omuhle, faka uphawu lokuthikha (✔), Uma ubona ukuthi wumkhuba omubi, faka uphawu (✘).

Imikhuba Uthisha usiza abantwana ukuthi bakwazi ukufunda.	Kuhle ✔	Kubi ✘
Ngidla ukudla okunempilo.		
Ngilahla udoti ngefasitela lemoto noma letekisi.		
Ngigeza izinwele njalo.		
Ngidla amaswidi amaningi.		
Ngihlanza izinzipho nezindlebe.		
Ngixubha amazinyo kanye ngenyanga.		
Ngicosha udoti ngiwujikijele emgqonyeni wawo.		
Ngihlanza izandla njalo uma ngibuya endlini encane.		
Uma ngikhwehlela noma ngithimula ngibeka izandla emlonyeni.		
Ngiyazivocavoca njalo.		
Ngihlanza izandla ngaphambi kokuthi ngidle.		
Ngilala phambi kwethelevishini isikhathi eside.		
Ngihlala nabantu ababhemayo.		

Usuku:.....

Masenzeni lokhu

Yenza iphosta mayelana nemikhuba emihle nemibi.



Bhala

Yihlole iphosta yakho. Funda okushilo bese ubeka ubuso obumamathekayo eduze kwako uma kuyiqiniso, noma ubuso obuphatheke kabi uma lokho kungelona iqiniso.




	Yebo	Cha
Iphosta yami inemibala futhi ihlanzekile.		
Ngiyakuthanda ukwenza iphosta		
Kunzima ukwenza iphosta, ngibonile.		

Phumela ngaphandle



- Ucabanga ukuthi ungagxhuma ufike kuphi? Sebenzisa imicwi emithathu yezintambo. Bese uzijomba. Ungalokhu uzigqagqanisa ukuze ubone ukuthi ungakwazi ukujomba ufike kuphi.
- Manje cela abangane bakho ababili ukuba bashwibe intambo ukuze uyijombe.
- Shintshanani ngokujomba intambo.



Ukudla okusheshayo nokungasheshi ukubola



Masikhuluma

Khuluma ngokudla okudinga ukubekwa esiqandisini ukuze kungonakali. Khetha ukuthi yikuphi okungadingi ukubekwa endaweni ebandayo, okungahlala nasekhabetheni nje. Sika izithombe ekhasini lezinto ezisikwayo uzinamathisele esiqandisini noma ekhabetheni.



Usuku:.....

























Masikhulume



Khuluma ngezindlela esingazisebenzisa ukuvikela ukudla ezinambuzaneni ezifana nezimpukane nezintuthwane.











16

Izinsuku zenkolo nezinye ezibalulekile



Masifunde

Abantu emhlabeni wonke jikelele banezinsuku abazibungazayo. Yimaphi amaholide ozowagubha?

NgoKhisimuzi sithola izipho. Nathi sipha abantu izipho. Sipha namalungu omndeni izipho. Siyaye sibe nesihlahla sikaKhisimuzi ekhaya. Izipho sizibeka ngaphansi kwesihlahla sikaKhisimuzi. Siyasihlobisa isihlahla, sibeke inkanyezi phezu kwaso. NgoKhisimuzi sidla ukudla okuningi okumnandi.





Silinde ngabomvu iDiwali. Yisikhathi lesi lapho sithola khona amaswidi amaningi nezipho. Siyaye siphathe ukudla okumnandi namaswidi sikufake emabhokisini siphe abantu abasivakashelayo. Sikhanyisa amalambu amancane siwabeke eduze kwezindlu ekhaya.

Usuku:.....



Silinde ngabomvu iHanukkah.
Siyaye siphathe ukudla okumnandi.
Sidla amakhekhe namadonathi.
Siphiwa nezipho. Abazala bethu
bayaye beze basivakashele.
Siyaye sisizane sonke senze
ukudla bese sikhanyisa amakhandlela
endlini esikuyo.

Kuzofika futhi isikhathi se-Eid.
Nalapho ngethemba ukuthi
sizophiwa izipho. Sizonika abangane
bethu izipho nathi. Sizoba
namakhekhe amaningi namaswidi,
sidle. Siyazi ukuthi uma kunjalo
yisikhathi se-Eid efika uma inyanga
isesimeni esithile. Lokhu kwenzeka
ngezikhathi ezingafani onyakeni.






Masicule

Cula iculo olazinyo
eliqondene nanoma
yiluphi kulezi zinsuku.









Izinkathi zonyaka

Masikhulume

Bheka izithombe zezinkathi ezine zonyaka. Tshela umngani wakho ukuthi ubonani esithombeni. Yisho ukuthi zehluka kanjani izinkathi ezine zonyaka.



Yisiphi isikhathi sonyaka osithanda kakhulu? _____

_____

Kungani usithanda lesi sikhathi sonyaka? _____

_____

Lungasiphi isikhathi sonyaka usuku lwakho lokuzalwa? _____

_____

Usuku:.....



Masicule

Sawubona mnumzane Langa!
Wena lusuku usanda kuqala.
Ngithanda ukubona ubuso bakho
obukhazimulayo.
Sawubona mnumzane Langa!



Wena mvula, hamba!
Abantwana abancane
bafuna ukudlala.
Ubobuya ngelinye ilanga.
Hamba nje usuku olulodwa.





18

Izinkathi ezine zonyaka

Masenzeni lokhu

Sika izithombe zezinkathi zonyaka ekhasini elingemuva kwencwadi. Bese unamathisela isithombe ngasinye eceleni kwegama lesikhathi sonyaka.

ubusika

unhlangulana

untulikazi

uncwaba



intwasahlobo

umandulo

umfumfu

ulwezi



Usuku:.....



ihlobo

uzibandlela

umasingane

unhlolanja

ukwindla

undasa

umbaso


unhlaba





Phumela ngaphandle

Lolonga ikhono lakho lokudlala ibhola.
Shaya ibhola odongeni.
Masha endaweni eyodwa ngenkathi ushaya ibhola phansi.
Manje gijima ugqome ibhola ube uzungeza.






19

Izinkathi zonyaka

Masifunde



Ihlobo

Izulu liyabalela futhi lifudumale.


Izinsuku ziba zinde bese ubusuku buba bufushane.

Ukwindla

Isimo sezulu siyaphola.

Amahlamvu ajika umbala abesagolide bese evuthuka ezihlahleni.

Izinyoni zindizela ezindaweni ezifudumele.





Ubusika

Isimo sezulu siyabanda.

Kwezinye izindawo kuba neqhwa noma isithwathwa.

Izinsuku zibamfushane bese ubusuku buba bufushane.

Ezinye zezilwane zilala ubusika bonke.

Intwasahlobo

Isimo sezulu sifudumele.

Izitshalo ziqala ukukhula nezihlahla ziqala ukuqhakaza.


Izinyoni ziqala ukwakha izidleke nokubeka amaqanda.



Usuku:.....

Masicule

Izinhlobo ezahlukahlukene zokudla zimila ngezinkathi ezahlukene zonyaka. Bheka lokhu kudla kwasehlobo nokwasebusika. Xoxela umngani wakho ukuthi uthanda ukudlani uma kushisa noma kubanda.



Ukudla kwenkathi ngayinye yonyaka



Teacher:
Sign:
Date:

20

Ukugqokela isimo sezulu



Masidwebe

Dweba umfana nentombazane. Umfana makagqoke izimpahla zobusika ezifudumele intombazane igqoke izimpahla zasehlobo ezipholile.




Umfana	Intombazane



Phumela ngaphandle

- Beka amashubhu ayizindingiliza phansi noma udwebe izindingiliza enhlabathini.
- Uma uthisha wakho ethi gxuma, gxumela ngaphakathi kwendingiliza ngezinyawo zombili.
- Uma uthisha wakho ethi gxuma, gxumela ngaphandle kwendingiliza ngonyawo olulodwa.
- Dlala u-gxa.
- Sebenzisa ushoki ukudweba izindingiliza nezikwele phansi.



Usuku:.....



Xoxela umngani wakho ukuthi siqgoka izimpahla ezinjani ngesikhathi sonyaka ngasinye. Yiziphi izimpahla okhetha ukuziqgoka?



Dweba umugqa usuke encazelweni yezingubo esiziqgoka kulolo hlobo lwesimo sezulu.

Ukuqgqokela isimo sezulu

Uma ilanga libalele kufanele siqgoke iziqgoko ukuzivikela elangeni.	
Uma kushisa kufanele siqgoke izimpahla ezilula.	
Uma kubanda emnyango kufanele siqgoke izimpahla zewuli ezifudumele.	
Uma lina sidinga amajazi emvula nezambulela.	



Imithelela yezinkathi zonyaka

Masifunde



Intwasahlobo

Entwasahlobo imithi iqala ukumila.

Sibona izinyoni eziningi, izinyosi, izimbali kanye namaqabunga.

Izinyoni zakha izidleke zichamusele namaqanda.

Abalimi bagunda izimvu

Ihlobo

Ehlobo abalimi bavuna izithelo. Amazinyane ezilwane ayatshakadula/ayajabula.

Ezindaweni eziningi izulu lina kakhulu futhi liyaduma libe nemibani.

Utshani, amahlathi nezimbali kukhula masinyane kucinane, izihlahla zona zikhula zibe zinde.



Usuku:.....



Ikwindla

Ezinye zezilwane zisebenza kakhulu ukuqoqa nokulondoloza ukudla zilungiselela ubusika.

Amahlamvu emithi aqala ukuba phuzi sagolide, abe nsundu, bomvu noma abe sawolintshi.



Ubusika

Ezinye zezilwane ziyalala bonke ubusika. Ziyafudumala ngoba uboya bazo buyakhula.





Bhala

Zenzani ezinye zizilwane ebusika? _____

_____

Zizivikela kanjani ezinye zizilwane emakhazeni ebusika? _____

_____

Izinyoni zibuyela nini emazweni afudumele ziyokwakhela? _____

_____



22

Ukutshala ubhontshisi

Masenzeni lokhu

Udinga

- 5 ubhontshisi
- isoso
- uvolo
- amanzi



Okufanele ukwenze

Beka ubhontshisi phezu kukavolo esosweni.
Lokhu kugcine kumanzi bese ubeka isoso ewindini lapho kunokukhanya khona. Hlola ubhontshisi njalo amasonto aze abe mabili. Bheka ukuthi ukhula kanjani.



Bheka lesi sithombe sesithombo sikabhontshisi.
Uma uwutshala ubukeka kanjani ngaluphi usuku?

_____	_____	_____	_____
Usuku	Usuku	Usuku	Usuku

Usuku:.....

Masenzeni lokhu

Yenza umdlalo weshashalazi ngezilwane.
Ungakhombisa ibhele noma isinkwe siqoqa futhi silondoloza ukudla ebusika




Phumela ngaphandle

Huquzela njengenyoka ifuna indawo efanele ukucashela ubusika.

Ndiza njengelulwane uma lindizela endaweni efudumele.





Teacher:
Sign:
Date:

23

Izilwane zasepulazini

Masicule

Bheka isithombe bese uxoxa ngezilwane zasepulazini ezahlukene ozibonayo.
Yisiphi isilwane osithanda kakhulu?
Yini esiyitholayo kulezi zilwane?




Usuku:.....



Bhala

Faka izimpendulo ezifanele kulawa mathebhula.
Sikwenzele isibonelo.

	Eyesilisa	Inqama
	Eyesifazone	Imvu noma imbuzi yensikazi
	Ingane	Imvana
	Umsindo	Be...e
	Indawo ehlala kuyo	Isibaya

	Eyesilisa	
	Eyesifazone	
	Ingane	
	Umsindo	
	Indawo ehlala kuyo	

	Eyesilisa	
	Eyesifazone	
	Ingane	
	Umsindo	
	Indawo ehlala kuyo	

	Eyesilisa	
	Eyesifazone	
	Ingane	
	Umsindo	
	Indawo ehlala kuyo	




Epulazini

Masicule




Umkhulu uMadimadi unepulazi
Hi...i! Hi! Hi! Hi!
Epulazini lakhe ubenezinkomo
Mo...o mo...o mo...o mo...o laphaya
Mo...o mo...o mo...o mo...o yonke indawo
Umkhulu uMadimadi
unepulazi
Hi...i! Hi! Hi! Hi!



Usuku:.....

Masicule

Culani. Sebenzisani lezi zilwane esikhundleni senkomo.




Epulazini lakhe ubenezinja.

Epulazini lakhe ubenamadada.

Epulazini lakhe ubenamahhashi.

Phumela ngaphandle

- Hamba phezu kwensimbi ungabambeleli ndawo.
- Phosa ibhola omoyeni uphinde ulibambe ngaphandle ngokuthiliwe.
- Gxuma njengehhashi.
- Hamba njengedada.



Teacher:

Sign:

Date:


Izilwane zasendle

Masifunde





Amabhubesi awumndeni wamakati. Ibhubesi laziwa njengenkosi yezilwane. Azingela futhi abulale izilwane ezifana nezinyamazane kanye namadube. Amabhubesi ezinsikazi yiwona avame ukuzingela. Azingela ebusuku futhi ahamba ngamaqembu. Amabhubesi athanda ukuhlala ezigangeni ezinotshani. Amabhubesi abhonga kakhulu.




Izindlovu yizilwane ezinkulu ezweni. Zisengcupheni imihla ngemihla ngenxa yezigebengu ezifuna izimpondo. Imiboko yezindlovu ikhula izimpilo zayo zonke. Zikha ngayo izithelo futhi ziphuze ngayo amanzi. Zikwazi ukudla ukudla okuyisisindo esingamakhilogiramu angama-200 ngosuku ziphuze namanzi angamalitha ayi-190.

Usuku:.....



Kunezinhlobo ezimbili zikabhejane – kunobhejane omnyama kanye nomhlophe. Obhejane ababoni kahle, kodwa banemizwa yokunuka ebukhali. Obhejane babanzi futhi bangaba nesisindo samakhilogiremu ayi-2 500. Obhejane bavame ukuzingelwa yizigebengu ezifuna izimpondo zabo. Kufanele sibavikele obhejane ezigebengwini ezifuna izimpondo zabo.



Ingwe ekhulile ingakhula ize ibe ubunde obungama mitha ama-2. Isikhumba sayo sinsundu sinamabala amnyama ayizindilinga. Ingwe iyakwazi ukugibela nokuzingela ezihlahleni.



Inyathi ihlala nemihlambi. Uma kuza ingozi, izinyathi namankonyane zibalekela phakathi komhlambi wezinkunzi. Ezinye izinyathi zikhula zize zifike ebudeni obuyi-1,7 m.





26 Zicasha kanjani izilwane

Masifunde



Ezinye zezilwane ziyakwazi ukuzishintsha umbala ufane nalokho okuseduze kwazo.

Unwabu luyakwazi ukuzishintsha umbala ufane nesihlahla olusigibeleyo.

Imigqa yedube yenza kube nzima ukulibona ehlathini.

Amaphiko ezinye zezilwane adalwe ngendlela yokuthi kunzima ukuzibona.

Lokhu sikubiza ngokuzifihla.

Cabanga ngesilwane esisodwa esikwazi ukuzifihla.









Okokuzithokozisa



Uthisha wakho uzokufundisa ukudlala umdlalo wezihlalo zomculo.



Usuku:.....



Masenzeni lokhu

Dweba isilwane sasendle.
Bese uxoxela umngani wakho ukuthi lesi silwane sizifihla kanjani.



27

Izilwane zasemanzini

Masenzeni lokhu

Qedela isithombe ngokufaka imidwebo noma izithombe zezilwane ezihlala emfuleni.




Usuku:.....


Izilwane zasekujuleni kwamanzi

Masicule

Make sibheke zonke izilwane ezahlukahlukene ezihlala emanzini anosawoti.



Kunezilwane futhi ezihlala emadamini, emadwaleni nasemanzini angqjulile.




Teacher:

Sign:

Date:

29

Ulwazi ngezilwane



Masicule Xoxa ngazo zonke izilwane zasolwandle ezikulesi sithombe.

- Yiziphi kulezi zilwane zasolwandle ezingadliwa ngabantu?
- Yiziphi izilwane zasolwandle eziyingozi?
- Ingabe umzimba kafishi wembozwe yini futhi uvikelwe yini?
- Yiziphi izindlela ezahlukahlukene ezingangcolisa ulwandle?
- Ucabanga ukuthi kungenzekani uma ulwandle lungangcoliswa wudoti noma ushevu?

Bhala Bhala amagama ezilwane ongazicabanga ezihlala emifuleni, emadamini noma olwandle kulamakholamu ethebula.


Umfula	Ulwandle	Idamu

Usuku:.....


Masenzeni lokhu

Ake uzenzele elakho ithange lezinhlanzi.

- Penda ingaphakathi lebhokisi lesicathulo ngombala oluhlaza sasibhakabhaka noluhlaza satshani bese uliphendula ngohlangothi lalo.
- Bese usika isithombe sika fishi ngemuva kulelibhuku.
- Namathisela iphezulu lebhokisi ngethephu enamathelayo kanye nentambo.



Phumela ngaphandle




- Ndiza njengenyoni ngesivinini esisheshayo nesihamba kancane.
- Dadlazela njengehlengethwa.
- Ndiza njengenyosi.
- Hamba njengenkalankala.
- Bhukuda njengofishi.
- Gxuma njengeselesele.
- Dlala umdlalo wokulandela umholi.
- Dlala umdlao wekati negundwane.












Teacher:

Sign:

Date:

Izilwane ezihamba nezindlu zazo

Masifunde



Uthi bewazi?
Ngilingana kahle nje egobolondweni lami elibi elincane.

Ufudu

Ufudu yisilwane esihuquzelayo esinezinyawo ezine kanye nomqala oshwabene kanye nekhanda. Luhamba kancane negobondo eliyindlu yalo emhlane.

Zihlala kuphi lezi zilwane?

		
Ufudu lwamanzi	Ufudu oluncane lwamanzi	Ufudu

Bhala

Phendula imibuzo elandelayo ngezimfudu ezihlala emhlabeni.

Ingabe igobolondo lofudu luqinile noma lithambile? _____

Ingabe igobolondo livikela ngani ufudu? _____

_____

Lwenzanjani ufudu uma lwethukile. _____


Zidla kudla kuni izimfudu? _____

_____

Usuku:.....

Iminenke

Bheka igobongo lomnenke.



Uhamba kanjani umnenke? _____


Wake walithola igobolondo lomneke lingenalutho? Ucabanga ukuthi kusuke kwenzekeni ngomnenke? _____

Ambala muni amagobolondo omnenke? _____

Kungani ucabanga ukuthi iminenke inamagobolondo? _____



Ucabanga ukuthi ngihlala kuphi? Eduze kwesithombe sami, bhala ukuthi ngikwazi ukwenza ikhaya lami esihlahleni, emgodini noma emanzini.



Teacher:
Sign:
Date:

Izilwane ezizakhela indawo yokuhlala

Masenzeni lokhu

Hlanganisa izithombe zezilwane nezithombe zamakhaya azo izilwane.





Masifunde

Izinyosi




Izinyosi zihlala ezidlekeni zazo.

Zakha izidleke ngamafutha.

Zibeka ukudla kwazo ezidlekeni.

Usuku:.....

Izintuthwane



Izintuthwane zakha izindawo zokuhlala ezahlukahlukene kwisizinda sazo. Intuthwane encane iyakwazi ukuthwala into esisindo sayo siphindwe kane kuyo. Izintuthwane ziyakwazi ukuxhumana. Ziyaqwashisana uma kunengozi. Ziyatshelana futhi ukuthi ukudla kutholakalaphi.



Bhala

Ucabanga ukuthi kungani izintuthwane zizakhela izindawo zokuhlala?

Ubani isitha sentuthwane?

Zisebenzisani izintuthwane uma zakha indawo yokuhlala?



Masifunde

Izinyoni



Izinyoni zakha izidleke njegezindawo zokuhlala nezokuzalela amaqanda. Ubukhulu besidleke buncika ekuthini ingakanani inyoni. Zisebenzisani izinyosi uma zakha isidleke?

Yisiphi isilwane esiyisitha senyoni?



A a

B b

C c

D d

E e

F f

G g

H h

I i

J j

K k

L l

M m

N n

O o

P p

Q q

R r

S s


T t


U u

V v



W w



X-Z x-z





P. 29














P. 19



GEN LS G2 B1 CUTOUTS.indd 2 2014/04/24 10:41 AM

P. 36-37






















P. 57























GEN LS G2 B1 CUTOUTS.indd 4 2014/04/24 10:42 AM